

# **Ukuxoshwa kwaSARS kowayeyiNhloko yoMnyango wezoMthetho uRefiloe Mokoena kube nobulungiswa**

**Tshwane, 15 kuNhlanguLana 2021** – USARS uyasemukela isinqumo seKhomishana yokuBuyisana, ukuXazulula nokwaHlulela (i-CCMA) sokuxoshwa kowayeyiNhloko yoMnyango wezoMthetho u-Adv Refiloe Mokoena kwaba nobulungiswa.

Kusinqumo esikhishwe mhla ziyi-14 kuNhlanguLana 2021, i-CCMA ikuchithile ukuqinisa kukaNkz Mokoena kokuba ngenkathi uSARS umxosha emsebenzini emva kokutholwa enecala lokungaziphathi ngendlela eyiyo emhlanganweni wokuqondiswa kwezigwegwe kwabe kungenabulungiswa.

I-CCMA ikuchithile lokhu kuqinisa kukaNkz Mokoena kokuthi akuzange kwamukelwe lokhu akusho kuqala *i-prima facie* mayelana naleli cala abekwe lona. Isinqumo sikaNkz Mokoena sokungabethuli obakhe ubufakazi noma abize ofakazi abazofakazela lokhu akushoyo nakho kube nomthelela ongemuhle.

USARS waxosha uNkz Mokoena kuLwezi 2019 emva komhlangano wokuqondiswa kwezigwegwe owathatha izinsuku ezinhlanu. Ekupheleni komhlangano Iowo, uNksz Mokoena watholakala enecala lokungaziphathi ngendlela efanele kulawa macala alandelayo:

- Icalalokuthi waba ngumxhumanisi ezimalini ezibuyayo ze-VAT zenani elingu-R150-million ngaphandle kokuba nesizathu esinqala sokwenza lokho.
- Icalalokuthi uNkz Mokoena wayengenalo ulwazi oludingekayo Iwentela kanye/noma lomthetho kodwa phezu kwalokhu waphikisana nongoti bangaphandle abayizazi zomthetho wentela wasebenzisa isigaba soMthetho weNtelantengo esichithiwe ezama ukuzithethelela ukuthi kungani ayalela ukuba kukhokhwe izimali ezibuyayo ze-Oakbay kodwa zingene ku-akhawunti yomuntu oseceleni.
- Icalalokuthi wenze ukuthi kwabelwane ngemininingwane yomkhikhintela ngalokho waphula umgomo ohlinzekela imithetho yentela edinga ukuba ulwazi lomkhikhintela lugcinwe luyimfihlo.

USARS wavumelana nomphumela womhlangano wokuqondiswa kwezigwegwe owawuthi amacala uNkz Mokoena abhekene nawo amacala anzima, wenza ukungathembeki okukhulu wakhombisa nokuthi akakufanele ukusebenza kwaSARS njengeNhloko yezoMthetho.

Lesi sinqumo esikhishwe yi-CCMA sizolekelela uSARS ukuba ukwazi ukuphothula lolu daba bese ubhekana nokunye okuzoyisa isikhungo phambili.